INKULUMO YESABELOMALI SONYAKA WEZI-2026/27 EYETHULWA NGUNGQONGQOSHE UNKS NOMAGUGU SIMELANE, ESISHAYAMTHETHO SESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI, EMGUNGUNDLOVU, MHLA ZIYI-17 KUNTULIKAZI WEZI-2026, NGAPHANSI KWESIQUBULO ESITHI: *# Asibe Healthy KZN… Futhi, Ngizokunakekela Njengowakwethu…*

Sihlalo Ohloniphekile;

uNdunankulu Wesifundazwe uMhlonishwa uMnumzane uThami Ntuli;

1. ISINGENISO

- Sihlalo Ohloniphekile, ngomuzwa wokuzigqaja kanye nokubhekela umsebenzi esibekelwe wona, ngethula iNkulumo yeSabelomali sikaVoti 7 sangonyaka wezi-2026/27 soMnyango Wezempilo KwaZulu-Natali ngaphansi kwesiqubulo esithi: **"#Asibe Healthy KZN…"**

- Njengalokhu abantu baseNingizimu Afrika belungiselela ukuhlonipha uSuku lukababa uNelson Mandela kusasa, lokhu kuyisikhumbuzo sokuthi isilinganiso sangempela somsebenzi kahulumeni sisekuzimiseleni kwethu ukusebenzela abanye abantu.
- Lokhu kusinika nethuba lokuhlonipha labo abanikela impilo yabo ekwakheni uhlelo lwezempilo olunozwelo nolubeka abantu phambili, esisaqhubeka nokulwakha nanamuhla.
- Sikhumbula izingqalabutho ezifana noMam' Cecilia Makiwane, ongumhlengikazi wokuqala omnyama owayerejistwe ngokusemthethweni eNingizimu Afrika, owaphakamisa umkhakha wobuhlengikazi ngobubele, ubungcweti nokuzinikela kwakhe ezigulini.
- Sikhumbula noMam' Albertina Sisulu, owakhombisa ngempilo yakhe yokuba ngumhlengikazi nesishoshovu sezomzabalazo wenkululeko

ukuthi ukunakekela abantu nokuvikela isithunzi sabo yizinto ezingenakuhlukaniswa.

- Ifagugu esalishiyelwa yilaba baholi kumele libe yisikhumbuzo kubasebenzi bezempilo ukuthi ukunakekelwa kwezempilo kulubizo olwakhelwe phezu kobubele, ubuqotho kanye nokusebenzela abantu.
- Laba baholi abaqavile babekuqonda ukuthi inkululeko yezepolitiki ayisho lutho uma ingaphuculi impilo yabantu.
- Lo mbono uyavela laphaya kuSomqulu Wenkululeko ngokunjalo nasohlakeni lwenqubomgomo yenhlangano i- African National Congress ethi 'Ready to Govern'. Yomibili le miqulu iyakuhlonipha ukuthi kusemqoka ukunakekelwa kwezempilo okuseqophelweni, ngokunjalo nezindlu ezifanele, amanzi ahlanzekile, ukuthuthwa kwendle, imfundo nokudla okunempilo ekwakheni imiphakathi enempilo.
- Ngonyaka we-1994, ngenkathi abantu baseNingizimu Afrika bekhetha uhulumeni wentando yabantu, leyo migomo yaba ngumsebenzi kazwelonke. Umsebenzi wethu kwakungukwakha uhlelo lwezempilo olunesisekelo sokulingana, isithunzi kanye nokufinyelela ezinsizeni kwabo bonke abantu.
- Nakuba umsebenzi wethu ungakapheli, namuhla izigidi zabantu baseNingizimu Afrika ziyakwazi ukufinyelela emitholampilo, ezibhedlela, kumishanguzo ephilisa abantu, ekwelashweni kwe-HIV ne-TB, kuzinsiza zezimo eziphuthumayo kanye nokwelashwa okukhethekile.
- Le mpumelelo ikhombisa ubuholi obuhle, utshalomali oluzinzile kanye nokuzinikela kwezizukulwane ngezizukulawane zabasebenzi bezempilo.
- Sihlalo Ohloniphekile, isabelomali engisethula namuhla siyingxenye yokuqhubeka kwalolu hambo lokwakha uhlelo lwezempilo olusebenzela wonke umuntu ngesithunzi, ukulingana nobubele.

2. 2026: UNYAKA WESIGULI

- Sihlalo, lo nyaka uyisikhathi esibalulekile nesingumlando kuMnyango wethu njengalokhu simemezela ngokusemthethweni ukuthi **unyaka wezi-2026 unguNyaka WeSiguli**.

- Lokhu kusho ukuthi zonke izinqumo esizithathayo, zonke izinhlelo esizisebenzayo, nayo yonke imali esiyisebenzisayo kufanele kuphendule umbuzo owodwa obalulekile: **Ngabe lokhu kuyayiphucula yini impilo yesiguli?**
- Okungumhlahlandlela wethu yisithembiso esingumongo esisenza kubantu baKwaZulu-Natali namuhla. Sithi kubo:
  "Ngizokunakekela Njengowakwethu!"
- Nakuba lawa mazwi angazwakala eyisiqubulo, kepha kungaphezu kwalokho. Lesi yisibophezelo sokubuyisa isithunzi, ububele kanye nokuzibophezela lapho kuhlinzekwa khona usizo lwezempilo, ngokuba **sinakekele zonke iziguli ngendlela ebesinganakekela ngayo amalungu emindeni yethu.**
- Ngomkhankaso wethu othi **"Ngizokunakekela Njengowakwethu"**, sizokwethula uhlelo lwama-"**Nakekela Champions",** okungabaHoli Bezokunakekela abazoqinisekisa ukuthi wonke umuntu ovakashela izikhungo zethu zezempilo uyakwazi ukuxhumana nomuntu azoqonda kuye ukuze athole ukuphenduleka, ukwesekwa kanye nosizo. Umsebenzi wabo ulula, futhi umlayezo wabo ucacile:
  "Buza mina, ngizokusiza."
- Kulo **Nyaka WeSiguli**, sithumela umlayezo ocacile kubo bonke abantu baKwaZulu-Natali wokuthi: **uhlelo lwethu lwezempilo alugxile nje kuphela ekwelapheni izifo, kodwa lugxile ekunakekeleni abantu, ekubuyiseleni ithemba, nasekukhonzeni zonke iziguli ngesithunzi, ngenhlonipho nangozwelo.**

3. #AsibeHealthyKZN – SISHINTSHA AMA-GEAR

- **Sihlalo Ohloniphekile**, ezinye zezimo eziyingcuphe esibhekene nazo kwezempilo yethu namuhla zobandakanya ukwanda kwezifo ezingamahlalakhona, ezifana nesifo somfutho wegazi ophezulu, isifo sikashukela, isifo senhliziyo, isifo sohlangothi kanye nezinye izinhlobo zomdlavuza.
- Nokho, eziningi zalezi zifo zingagwemeka, zibambezeleke ukuba zivele noma zilawulwe kangcono ngokudla okunempilo, ukuzivocavoca njalo kanye nokuhlolwa kwezempilo okuvamile.
- Yingakho sigxilisa izinhlelo zethu ekunqandeni izifo ngokuhlaba ikhwelo kabusha ngokuthi: **#AsibeHealthyKZN**.
- Kungaba **ngokuzivocavoca ngokuhamba ngokushesha ngaphambi nangemuva kokuya emsebenzini, ukuzivocavoca ngokuhamba ngesikhathi sokuya ekhefini lasemini, ukuzivocavoca ngokugijigijima nabangani,**

ngokudansa noma ukusina, ukushova ibhayisikili, ukudlala ibhola lezinyawo, noma-ke ukumane ukhethe uzovocavoce zonke izinsuku. …nanoma yisiphi isinyathelo osothathayo sinegalelo.

- Nakuba kunconywa ukuthi umuntu **azivocavoce okungenani imizuzu eyi-150 ngesonto**, lokhu kungacazwa kalula kube yizikhashana ezingalawuleka kalula nsuku zonke futhi ezilula ukuzilandela.
- Ngokwesibonelo, ungazivocavoca ngokuhamba imizuzu eyi-10 ngaphambi kokuya emsebenzini, uphinde zovocavoce ngokuhamba eminye imizuzu eyi-10 ngesikhathi sekhefu lasemini, bese uphetha ngokuzovocavoca ngokuhamba eminye imizuzu eyi-10 kusihlwa.
- Ungakhetha ukuhamba ngezitebhisi kunokugibela ikheshi, upake buqamama nalapho uya khona, kumbe udanse, udlale ingqathu noma udlale nezingane zakho imizuzu eyi-15.
- ***Ukuya ensimini uyohlakula, ukuhamba nje egcekeni, nokuya esitolo, kuse ngenye yezindlela yokunyakazisa umzimba, futhi siyakugqugquzela***…
- Lezi zinguquko ezincane, ezenzeka njalo zingaba nomthelela omkhulu empilweni yethu.

- Izinzuzo zalokhu azigcini kumuntu oyedwa kuphela, kodwa zidlulela emindenini, emiphakathini kanye nakulo lonke uhlelo lwethu lwezempilo.
- Zonke izigameko zomfutho wegazi ophezulu ezinqandwayo noma ezilawulwa kahle ngalezi zinyathelo zehlisa inani labantu abahlaselwa yizifo zenhliziyo noma uhlangothi.
- Ngokufanayo, **zonke izigameko zesifo sikashukela ezinqandwayo zehlisa ubungozi bokungasebenzi kahle kwezinso, ukungaboni emehlweni kanye nokunqunywa kwezitho zomzimba.**
- Lokhu kuphinde kunciphise inani labantu abalaliswa **ezibhedlela, ukwehla kwengcindezi emitholampilo nasezibhedlela zethu, kanye nokutholakala kwabasebenzi bezempilo abaningi ukuze banakekele iziguli ezinezimo zezempilo ezixakile nezidinga ukunakekelwa okukhethekile.**
- Okubaluleke kakhulu, ukuvimbela izifo kusiza imindeni ukuba iphile isikhathi eside, ibe nempilo engcono futhi ikwazi ukukhiqiza kakhulu, kuyilapho kusivumela ukuba sisebenzise kangcono izinsiza zethu ezilinganiselwe.
- Njengoba sisebenzisa lesi Sabelomali ngesikhathi izindleko ziqhubeka nokukhuphuka futhi izimali zikahulumeni zingaphansi kwengcindezi, ukwakha umphakathi onempilo akusona nje kuphela isidingo sezempilo yomphakathi, kodwa futhi **kuyisidingo esibalulekile kwezomnotho.**

- Okubaluleke kakhulu, ukuqanda izifo kwelekelela imindeni ukuba ikwazi ukuphila isikhathi eside, iphile impilo engcono, okwenza ukuthi nathi sisebenzise kangcono izinsiza zethu ezinganele.
- Njengoba siqalisa ukusebenza kwalesi Sabelomali ngesikhathi izindleko ziqhubeka nokukhuphuka futhi nezimali zikahulumeni zingaphansi kwengcindezi, ukwakha umphakathi onempilo akusona nje kuphela isidingo sezempilo yomphakathi, kodwa futhi **kuyisidingo esibalulekile kwezomnotho.**

SETHULELA ISIQGOKO AMANXUSA ETHU EZEMPILO: ABASUBATHI BE-COMRADES MARATHON:

Sihlalo Ohloniphekile, ngifisa ukuhalalisela abasebenzi abaningi boMnyango Wezempilo KwaZulu-Natali ababamba iqhaza ngokuzigqaja minyaka yonke ku-Comrades Marathon, kubalwa nalabo ababambe iqhaza kulo nyaka.

- Ngokuzimisela nokubekezela kwenu, nikhombisile ukuthi ukuphila ukuphila ungumqemane yinto ekumele siyikhuthaze Impumelelo yenu iyisikhuthazo kozakwenu nasemphakathini esiwusebenzelayo.
- Siyalivuma futhi siyalweseka ikhwela lokusungula i- **"KZN Health Athletics Club**," okuyikilabhu yabasubathi boMnyango Wezempilo, ukuba nalo libambe iqhaza ekukhuthazeni ukuphila kahle kwabasebenzi nokuphila okunempilo.
- Le kilabhu izohlinzeka ngenkundla ehlelekile ezokwenza abasebenzi babambe iqhaza ekugijimeni, ekuhambeni ngezinyawo nakwezinye izindlela zokuzivocavoca, kanye nokuzilungiselela imiqhudelwano yezemidlalo zendawo, yesifundazwe neyezwe.
- Izophinde ikhuthaze ukuphila ngendlela enempilo, iqinise ubudlelwano nokubambisana phakathi kwabasebenzi.
- Okubaluleke kakhulu, le kilabhu izosekela futhi iqinise uHlelo loMnyango olubhekele Ezempilo kanye neNhlalakahle Yabasebenzi (*Employee Wellness Programme*),

ONOMPILO:

- Ngawo lowo muzwa, ngifisa futhi ukuqhakambisa nokubonga **onompilo bethu**, abazinikela nsuku zonke ekusondezeni izinsiza zezempilo emphakathini.

- ONompilo yibona abangubuso bokunqanda izifo kanye nokukhuthaza impilo enhle emphakathini.
- ONompilo bavakashela imindeni emakhaya, bekhuthaza ukuphila ngendlela enempilo, beqinisekisa ukuthi iziguli ziphuza imishanguzo yazo ngendlela nangesikhathi esifanele zikhathi zonke, begqugquzela ukudla okunomsoco, futhi bekhuthaza imindeni ukuba isungule izingadi zasekhaya, ukubala nje okumbalwa abakwenzayo.
- Ukusebenza kwabo emphakathini ngokuzinikela kuyelekelela ekunqandeni ukugula.
- Ngaphezu kwalokho, ngaphansi kohlelo lokwethulwa ngokusemthethweni koNompilo bethu, sizosingatha uSuku Lwezemidlalo loNompilo loMnyango oluzobandakanya imiqhudelano yokugijima, ibhola lezinyawo, ibhola lomnqakiswano kanye nemidlalo yesintu, kubalwa nengoma.
- Konke lokhu kuzophinde kuqinise futhi kuthuthukise uhlelo loMnyango olwaziwa ngokuthi yi- **“Dlala Fridays”**.
- Lokhu kuzoba yindlela yokuqinisa isejwayezi sokuphila ngendlela enempilo okuyinto esikhuthaza ukuthi zonke izakhamuzi ziseseke.

3. EZOKUNAKEKELWA KWEZEMPILO OKUYISEKELO KUSEBENZA NGOKUGCWELE – UKULETHA IZINSIZA ZEZEMPILO KUBANTU:

- Sihlalo Ohloniphekile, ukunakekelwa kwezempilo okungumongo akuhlali kutholakala ezibhedlela, kuma-CHc noma emitholampilo kuphela.
- Kunalokho, kungaqala futhi **kufanele** kuqale emphakathini, lapho ukugula kunqandwa, kuhlonzwa ngokushesha bese kwelashwa ngaphambi kokuba kuze kube nzima kakhulu futhi kumbe eqolo ukukulawula.
- Yingakho siqhubeka nokuqinisa lo mkhakha weZokunakekelwa okusisekelo, ongumgogodla wezohlelo lwezempilo.
- Kusukela kulo nyaka wezimali esikuwo ukuya phambili, sizoqhubeka nokusondeza izinsiza zezempilo kubantu, ngokusebenzisa izinhlelo ezifana nemitholampiloilo engomahambanendlwana, amathimba ezempilo ezikoleni, amathimba ezempilo agxile emawadini, onompilo kanye nezinye izinhlelo zokufinyelela emphakathini.
- Amathimba agxile emawadini abamba iqhaza elibonakalayo ekuthuthukiseni ezempilo ezigxile emphakathini ngokuba kube nezinhlelo zokuhambela amakhaya ngokuvamile, lapho kwesekwa khona ezempilo yomama kanye

nezingane, kukhuthazwe ukuthathwa kwemishanguzo ngendlela efanele nangesikhathi, kanye nokuhlonzwa kwabantu abanezimo ezinobungozi.

- Lawa mathimba alandelele neziguli eseziyeke ukuthatha imishanguzo kungafanele, aphinde axhumanise imindeni esengcupheni nezinsiza zezempilo kanye nezenhlalakahle eziyidingayo.
- Lokhu kuphinde kuthuthukiswe yizinhlelo zethu esizigqaja ngazo esingabala kuzo **Isibhedlela Kubantu*, Ikhosomba Lamajita, Isibaya Samadoda***, ***Qo-Qo-Qo – Sikhulekile Ekhaya, kanye nezinye…***
- Lezi zinhlelo ziqinisekisa ukuthi izinsiza zezempilo eziseqophelweni zifinyelela kubantu ezindaweni lapho behlala, befunda futhi besebenza khona.
- Sizohlomisa onompilo bethu ngamathuluzi edijithali kanye nemishini yokuhlola esemqoka.
- **Lokhu kuzoguqula kakhulu indlela esisebenza ngayo**, ngokweseka ukuhlonza ukugula kusenesikhathi, ukuqapha nokulawulwa kwezifo okubalwa kuzo isifo somfutho wegazi ophezulu (*hypertension*) kanye nesifo sikashukela (*diabetes*).

UKUQINISWA KWEZEMPILO EYISISEKELO NGOKOHLELO I- NHI

- Sihlalo, uMshwalense Wezempilo Kazwelonke (I-NHI) awusiyo into esingathi izosebenza esikhathini esizayo KwaZulu-Natali. Sesivele siqalile ukusebenzisa izinsika eziningi zalolu hlelo ngokusondeza izinsiza zezempilo eziseqophelweni kubantu bakithi nokwenza ngcono ukuhlinzekwa kwezinsiza zezempilo eziyisisekelo.
- Namuhla, abantu abangaphezu kwe-**1.2 million** bayahlomula ohlelweni lwethu olubizwa ngokuthi **Ikhemisi Eduze Nawe (CCMDD)**, oluvumela iziguli ezinezifo ezingamahlalakhona ezizinzile ukuba zilande imithi yazo eduze nalapho zihlala khona
- Lokhu kunciphisa isikhathi sokulinda ezikhungweni zezempilo kube futhi kuphucula izinga lokuthi iziguli zithathe imishanguzo yazo ngendlela nangezikhathi ezifanele nakalula.
- Ngaphezu kwalokho, abantu abagxilile ekuthatheni imishanguzo yabo ngendlela nangezikhathi ezifanele sebengakwazi ukulanda imishanguzo yezinyanga ezitathu ngesikhathi.

- Sesisabalalise odokotela abayi-**130** ukuba bahlinzeke izinhlelo zokufinyelela emphakathini ngokuvamile kweminye yemitholampilo yethu ematasa kakhulu.
- Lokhu kuqinisekisa ukuthi iziguli ziyafinyelela kongoti bezempilo ezingeni leZokunakekelwa Kwezempilo Eliyisesekelo, kunciphise ukudluliselwa kweziguli ezibhedlela kanye nokuphucula iqophelo lezempilo emphakathini engahlinzakelwe ngokwanele.
- Ngenxa yokuthi siyakuqonda ukuthi ezempilo yengqondo ziyingxenye yezempilo jikelele, siye sabalalisa aBeluleki Abarejistiwe abangama-22 kuzo zonke iZikhungo Zezempilo Zomphakathi, ngenhloso yokwandisa ukufinyelela komphakathi ezinsizeni zezempilo yenggqondo.
- Lokhu kuqinisekisa ukuthi abantu abaningi bathola ukuhlolwa, ukwelulekwa kanye nokwelashwa okufanele ngesikhathi esifanele nasezindaweni esiseduze nalapho behlala khona.
- Siphinde saqinisa ukuhlinzekwa kwezinsiza ezikhethekile zempilo yengqondo ngokutshala izimali kumathimba adidiyele imikhakha eyahlukene yezempilo yengqondo (forensic mental health teams).
- Lokhu kubandakanya **odokotela bengqondo maqondana nezobulungiswa (forensic psychiatrists), osonhlalakahle (social workers), kanye nabelaphi baseemisebenzini (occupational therapists)**, abahlinzeka ngezinsiza ezikhethekile ezigulini ezingaphansi kohlelo lwezempilo yengqondo maqondana nezobulungiswa, ngesikhathi esifanayo besekela izinqubo zobulungiswa.
- Lolu tshalomali lukhombisa **ukuzibophezela kwethu ekwakheni uhlelo lwezempilo oludidiyele nolugxile kubantu**, oluletha ukunakekelwa kwezempilo okufanele, endaweni efanele, ngesikhathi esifanele.
- Lesi yisona sesekelo esizoqinisekisa impumelelo yeZempilo Jikelele, ngokohlelo loMshwalense Wezempilo kaZwelonke.

4. UKUHLONIPHA ABESILISA KANYE NABESIFAZANE ABANAKEKELA ABANTU BAKITHI:

- **Sihlalo,** ngaphambi kokuba ngikhulume ngesabelomali kanye nezinhlelo, ngifisa ukuhlonipha abantu besilisa kanye nabesifazane abasekhaleni lokusebenza kwezempilo nsuku zonke.
- Ukuhlinzwa kwesiguli ngempumelelo, ukuzalwa kosana ngokuphephile, ukusabela ezimweni eziphuthumayo nokusindiswa kwempilo, konke lokhu

kulele ekusebenzeni komsebenzi wezempilo onobuchule, ubungcweti, ukuzinikela nesihawu okubuyisa ithemba futhi ovikela isithunzi sobuntu.

- Namuhla sihlonipha bonke odokotela, onesi, osokhemisi, abeluleki, ababhekele ezezimo eziphuthumayo, onompilo kanye nabo bonke abasebenzi bethu abenza umsebenzi wokweseka.
- **Siyabonga. Siyaziqhenya kakhulu ngani.**
- Kuyintokozo namuhla kithi ukumememzela ukuthi ngomhla zingama-31 kuMfumfu 2026 sizosingatha umcimbi wokuklomelisa abasebenzi abasebenze ngokuvelele (**MEC's Service Excellence Awards)**, ngenhloso yokukhuthaza ukuhlolana kwabasebenzi ngokokusebenza kwabo ngokunjalo nokugubha ukuhlinzekwa kwezinsiza zomphakathi ngokuvelele.

5. UKWAKHA ABASEBENZI BEZEMPILO ABOMELELE

• Sihlalo Ohloniphekile, uhlelo lwezempilo alukwazi ukuba namandla ukudlula abantu abalusebenzayo nabalusekelayo.

• Phezu kwezingqinamba zezimali, siqhubekile nokutshala imali kubasebenzi bethu ngokugcwalisa izikhala ezimqoka, saqinisa nobuholi futhi sathuthukisa amakhono adingekayo esifundazweni sethu.

• Kusukela ngoMfumfu wezi-2025, siqashe **odokotela bezokwelapha abayi-188, odokotela abangochwepheshe abangama-43 (Medical Specialists), abahlengikazi abaqeqeshiwe abayi-197 (Professional Nurses), abahlengikazi abangama-242 (Staff Nurses), osokhemisi abangama-25 (Pharmacists), kanye nodokotela abaqeqeshwayo abangama-20 (Registrars).**

• Asizogcina lapho.

• Emavikini ambalwa azayo, sizokhangisa ezinye izikhala ezingama-39 zodokotela bezokwelapha (Medical Officers).

• Sizophinde sikhangise izikhala zabahlengikazi nabasebenzi bezempilo abangochwepheshe abehlukene (allied health workers) lapho sekuvele khona izikhala.

• Lokhu kuqashwa kuzothuthukisa ukuhlinzekwa kwezinsiza zezempilo ezisekhaleni, bese odokotela abasebasha kanye nongoti bezempilo bevulekelwe ngamathuba okuba bakhulise futhi baphucule ukusebenza kwabo emkhakheni wezempilo kahulumeni.

• Siphinde saqinisa ezokwengamela nokubusa okuhle ngokugcwalisa izikhala ezimqoka zobuholi ezibhedlela nasezifundeni zezempilo.

• Ezingeni lomphakathi, siqashe ngokugcwele **onompilo abangaphezu kwezi-5 000**, okuletha uzinzo olukhulu ohlelweni lweZokunakekelwa Kwezempilo Okuyisisekelo futhi kuthuthukise ukufinyelela kwezinsiza zezempilo eduze nalapho abantu behlala khona.

UBUHLENGIKAZI BOBUNGOTI BEZIFO ZEZINSO: INGQOPHAMLANDO EZWENI:

• Sizibophezele ekuthuthukiseni amakhono obungoti kubasebenzi bethu bezempilo.

• Nonyaka, **iKolishi Lobuhlengikazi laKwaZulu-Natali (KwaZulu-Natal College of Nursing)** lizoqopha umlando ngokuba yikolishi lobuhlengikazi lokuqala likahulumeni eNingizimu Afrika elizokuhlinzeka **ngoHlelo Lokuqeqesha Onompilo Abangongoti Bezifo Zezinso (Nephrology Nurse Specialist Programme)**, nokulenza libe yisikhungo sesibili ezweni esihlinzeka ngalesi sitifiketi sobuchwepheshe obusezingeni eliphezulu.

• Lolu hlelo luzohlomisa abahlengikazi **ngamakhono athuthukile okunakekela iziguli eziphila nezifo zezinso**, kubandakanya nalezo ezidinga ukwelashwa nge-dialysis kanye nezinye izinsiza ezikhethekile ezihlobene nezinso.

• Luzoqinisa ukunakekelwa okukhethekile kwezifo zezinso, luphinde lusisize ukubhekana kangcono nokudlanga kwesifo sezinso esingasalapheki.

• Le ngqophamlando ikhombisa ngokusobala ukuthi kukhona okungazuzwa ngokusebenzisa izindlela zobuchule bokusungula izinto ezintsha kanye

nokuzibophezela emsebenzini, ngisho nasezimweni lapho izinsiza zingenele khona. Iphinde ikhombise ukuzimisela kwethu ukwakha abasebenzi bezempilo abanamakhono aphezulu adingekayo esifundazweni sethu.

• Abahlengikazi abangabafundi abangamashumi amabili bazoqala ukuqeqeshelwa lezi zifundo kulo Msombuluko ozayo.

<<<***Ngicabanga ukuthi le mpumelelo kumele siyiphe ihlombe***>>>

UKUTSHALA IZIMALI KUNGOMUSO:

• **Sihlalo,** ukwakha uhlelo lwezempilo oluzinzile nolukwazi ukumelana nezinselelo kudinga ukuthi siqhubeke sitshale imali ekuthuthukisweni kwesizukulwane esizayo sabasebenzi bezempilo.

• Maqondana nalokhu, sizoqhubeka nokweseka izinhlelo zama-internship, ukuqeqeshwa kodokotela abangochwepheshe, kanye nokwandisa ezemfundo yobuhlengikazi neyabezimo eziphuthumayo ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi isiFundazwe saKwaZulu-Natali sinabasebenzi abaqeqeshiwe nabafanele ukuhlangabezana nezidingo zezempilo zamanje nezesikhathi esizayo.

UKUGCINA AMAKHONO AMQOKA:

• Ukuqasha abantu abasha ngenye yesisombululo. Kumele sigcine nabasebenzi bethu abanamava okuyibona abanolwazi namakhono okugcina uhlelo lwethu lwezempilo lisebenza ngempumelelo.

• Ngonyaka wezi 2025/26, bangama-377 abasebenzi abashiyile emnyangweni ngokoHlelo loMhlalaphansi Wangaphambi Kwesikhathi kanye Nelokushiya Ngokuzithandela (Early Retirement and Voluntary Exit Programmes).

• Sisakhathazeke kakhulu ngokulahlekelwa odokotela abanamava, abahlengikazi, kanye nabanye abasebenzi abanamakhono ayindlala namqoka.

• Nakuba sisebenza ngaphansi kwezimo zengcindezi kwezezimali, sizoqhubeka nokubeka eqhulwini ukugcinwa kwamakhono amqoka, ukugcwalisa izikhala ezisemqoka, kanye nokuqinisekisa ukuthi abantu baKwaZulu-Natali bayaqhubeka nokuthola izinsiza zezempilo ezisezingeni eliphezulu.

6. IZINHLELO ZOKUQHUBEKA NOKUTHUTHUKISA EZEMPILO NENHLALAHLE YABASEBENZI:

Sihlalo Ohloniphekile, njengalokhu sengike ngakubalula phambilini, sizoqhubeka nokubeka eqhulwini inhlalakahle yabasebenzi bethu bezempilo.

Maqondana nalokhu, sizothuthukisa uHlelo Lwezempilo Nenhlalakahle Yabasebenzi (*Employee Health and Wellness Programme*) ngokutshala kumakhono ezobuchwepheshe, kanye nokwandisa ukufinyelela ezinsizeni zezempilo yasemsebenzini nezokweseka impilo yengqondo esifundazweni sonkana.

Kulo nyaka wezimalu esikuwo, sizoqasha uDokotela onguNgoti Kwezompilo Yasemsebenzini **(Occupational Medicine Specialist)** ukuze abe sekhaleni leqhingasu loMnyango lezempilo yasemsebenzini.

• Lolu hlelo luzoqinisekisa ukuthi abasebenzi bafinyelela kalula ezinsizeni zenhlalakahle, futhi lusize ekwakheni abasebenzi abanempilo engcono, abasimeme nabakwazi ukuqhubeka nokuhlinzeka ngezinsiza zezempilo ezisezingeni eliphezulu.

7. UKWAKHA INGQALASIZINDA YEZEMPILO YANGOMUSO:

- **Sihlalo Ohloniphekile…** sisazibophezele ekuvuseleleni nasekuthuthukiseni ingqalasizinda yezempilo yesifundazwe ukuze umphakathi wonkana uzokwazi ukufinyelela ezinsizeni zezempilo eziphephile, ezinenesithunzi nezisezingeni eliphezulu ezindaweni eziseduze.

- Inqubekelaphambili iyabonakala emiklamweni yemitholampilo eyi-11 ebekwe eqhulwini, Sekuzophothulwa ukwakhiwa kwemitholampilo wase**Nyavini, eMpolweni kanye naseMpaphala.**
- Useqokiwe usonkontileka ozokwakha uMtholampilo **waseThulasizwe**, kanti sezimi ngomumo zinhlelo zokuqala ukwakha.
- Ngokunjalo, nezinhlelo zokwakhiwa koMtholampilo **waKwaGwebu** sezisemome njengalokhu nawo uzokwakhiwa ngalo nyaka wezimali wezi-2026/27.

- Kulo nyaka wezimali sizoqalisa nokwakha **uMtholampilo wasoFafa ngaphansi kweSifunda i-Harry Gwala, uMtholampilo wasoBanjeni ngaphansi kweSifunda i-King Cetshwayo, kanye noMtholampilo waKwaMandlakazi ngaphansi kweSifunda i-Zululand.**
- Siyaqhubeka nemizamo yokuthola umhlaba ofanele eningizimu yeTheku lapho kuzokwakhiwa khona **iSikhungo Sezempilo Somphakathi (Community Health Centre)** ukuze kuncishiswe ingcindezi ebhekene neSibhedlela iPrince Mshiyeni Memorial Hospital.
- Ngaphezu kwalokho, umklamo wase-**Mtubatuba Community Health Centre** usudlulele ezigabeni ezibalulekile zokuhlela, ukutholwa komhlaba kanye nezimvume zezemvelo, kanti umsebenzi wokwakha kulindeleke ukuthi uqale kulo nyaka wezimali osikuwo.
- Ngonyaka wezimali odlule, umnyango uphothule ngempumelelo imiklamo yengqalasizinda engama-53 ezindaweni ezahlukene esifundazweni sonkana.
- Ingaphezulu **kwama- 46 imiklamo** esiphezu nokwakhiwa kwayo njengamanje, bese kuti imiklamo yengqalasizinda engama-58 yona izoqaliswa ngonyaka wezimali wezi- 2026/27. Lokhu kubandakanya ukuthuthukiswa kwengqalasizinda e-**Grey's Hospital, Addington Hospital, General Justice Gizenga Memorial Regional Hospital, Port Shepstone Hospital, KwaMagwaza Hospital, McCord Provincial Eye Hospital, kanye neKwaZulu-Natal Children's Hospital.**
- Sizoqhubeka nokutshala izimali ekuthuthukiseni imitholampilo yethu, amakolishi obuhlengikazi kanye nengqalasizinda yezinsiza zezimo eziphuthumayo esiFundazweni sonkana saKwaZulu-Natali.

8. UKUQHUBEKA NOKUTHUTHUKISA UKUSETSHENZISWA KWENGQALASIZINDA YEZEMPILO (UKUHLELWA KABUSHA KWEZIKHUNGO ZOKUNAKEKELA EZEMPILO)

Sihlalo Ohloniphekile, ukwakha uhlelo lwezempilo oluzinzile kuphinde kube ngukuqinisekisa ukuthi ingqalasizinda esesinayo iyaqhubeka nokuhlangabezana nezidingo zezempilo eziguquguqukayo emphakathini wethu.

• Intuthuko esiyenzekile kwezokwelashwa kwesifo sofuba (TB) yehlise kakhulu isidingo sokuthi iziguli zilaliswe esibhedlela isikhathi eside, **njengoba iningi lazo manje selithola ukwelashwa eduze kwamakhaya azo ngokwezinsiza ezigxile emphakathini.** Ngenxa yalokho, izibhedlela ezikhethekile zokwelapha isifo sofuba seziya ngokuya zisetshenziswa kancane, hhayi kuphela KwaZulu-Natali kodwa nasezweni lonkana.

• Ngakho-ke sesiqalise uhlelo lokuhlinzeka ezinye izinsiza kulezi zikhungo ukuze ziqhubeke nokunikezela izidingo zezempilo emphakathini, kube kusetshenziswe kangcono izinsiza zikahulumeni.

• Sesiphothula izinhlelo zokuthi **iDoris Goodwin Hospital** isebenze njengesikhungo sokunakekela iziguli ezisadinga ukwelashwa nokubuyiselwa esimweni sempilo ngemuva kokuphuma e-**Harry Gwala Regional Hospital**. Senze uhlelo olufanayo lokuhlelwa kabusha kwe-**Nkonjeni Hospital** kanye ne-**St Francis Hospital**, esezizosetshenziselwa ukuhlinzeka ngezinsiza zezempilo ezahlukene eSifundeni i-Zululand.

• Lokhu kubandakanya ukunakekelwa kwezifo zamehlo okugxile ekungulweni kwamehlo (cataract surgery), izinsiza zeziguli ezingalaliswanga nezilaliswayo zokubuyiselwa esimweni sempilo (rehabilitation), kanye nokuba nesikhungo sokuhlolwa kwezidumbu ngezinjongo zobulungiswa (**forensic mortuary**) esiFundeni i-Zululand.

Lokhu kuzokwenza ngcono izinga lokuhambela lezi zibhedlela kweziguli, kuphucule ukusebenza kwengqalasizinda kanye nabasebenzi, futhi kuqinisekise ukuthi izinsiza zethu ezingenele zisetshenziswa ngempumelelo.

9. UKUTHUTHUKISA IZINSIZA ZEZEMPILO EZISEZINGENI ELIPHAKEME KAKHULU: UKUVUSELELWA KWESIKHATHI ESISHA ESIBHEDLELA I-INKOSI ALBERT LUTHULI CENTRAL HOSPITAL:

- **Sihlalo Ohloniphekile,** wonke umuntu ohlala KwaZulu-Natali ufanelwe ukuthola izinsiza zezempilo ezikhethekile ezisezingeni lomhlaba, kungakhathaliseki ukuthi uhlala kuphi noma uhola malini.
- Njengalokhu ngiyisithunywa sikaKhongolose, i-ANC, ngiyazigqaja ngokuqinisekisa ukuthi inhlangano yami isabambelele enkolweni yokuthi ukunakekelwa kwezempilo kuyilungelo eliqinisekiswe nguMthethosisekelo lawo wonke umuntu, akusikho ukwenzelelwa kwabathile.
- Ngiyazigqaja kakhulu ngokuthi namuhla sethula uchungechunge lwezinguquko ezizothuthukisa ukuhlinzekwa kwezinsiza eSibhedlela i-**Inkosi Albert Luthuli Central Hospital (IALCH)**.
- Ngemva kweminyaka kokuntuleka kochwepheshe bezokwelapha obekunqinda ukusebenza ngokuphelele kwalesi sibhedlela, siqalise uhlelo olubanzi lokusivuselela nokusibuyisela esimweni esifanele.
- Lolu hlelo luzobuyisela endaweni efanele isibhedlela sokudluliselwa kweziguli esisezingeni lesine (*quaternary referral hospital*) okungukuphela kwaso esifundazweni sethu siphinde sibe yindawo yobungcweti obuvelele ekuhlinzekeni ngezinsiza zezempilo ezikhethekile nezisezingeni eliphezulu.

UKUTSHALA IZIMALI EKWANDISENI ONGOTI BEZOKWELAPHA:

• UMnyango ubeke eqhulwini ukugcwaliswa kwezikhala zemisebenzi ezimqoka ezixhaswe ngesabelomali esingama-**R45 million**, ngenhloso yokuqinisa izinsiza zobungcweti esibhedlela, i-**Inkosi Albert Luthuli Central Hospital**.

- Maqondana nalokhu, sizoqasha ongoti abaningi kuyona yonke imikhakha yongoti ehlukahlukane esemqoka.

- Lokhu kubandakanya imikhakha yokuhlinza ehlanganisa ukuhlinza okumaqondana nezingozi zokulimala nezingozi zokusha **(Trauma and Burns),** ukufakelwa kwezitho zomzimba **(Transplant),** ukuhlinzwa kwenhliziyo nesifuba **(Cardio-thoracic),** ukuhlinzwa kwemithambo yegazi **(Vascular Surgery),** kanye nokuhlinzwa kobuchopho nezinzwa **(Neuro-surgery).**
- Sizophinde siqinise izinsiza emikhakheni efana ne-**Neurology, Cardiology, Nephrology**, kanye neminye imikhakha yobungcweti.

- Ukutshalwa kwezimali kwethu kufaka ne-**Radiation Oncology, Nuclear Medicine kanye neHaematology**, ukuqinisekisa ukuthi iziguli eziningi zithola ukuxilongwa nokwelashwa komdlavuza ngesikhathi esifanele.
- Sizophinde sandise amakhono ongoti emikhakheni ye-**Paediatric Surgery (Ukuhlinzwa Kwezingane), Paediatric Cardiothoracic Surgery (Ukuhlinzwa Kwenhliziyo Nesifuba Kwezingane), kanye ne-Paediatric Intensive Care (Ukunakekelwa Okubucayi Kwezingane)**.
- Ngaphezu kwalokho, sizothuthukisa amakhono ongoti emikhakheni ye-**Anaesthetics (Ukubulalisa Izinhlungu Ngesikhathi Sokuhlinzwa), Hand Surgery (Ukuhlinzwa Kwezandla), kanye ne-Reproductive Medicine and Fertility (Imithi Yezempilo Yokuzala Nokuzalanisa)**, ukuze sithuthukise amakhono emathiyetha okuhlinza futhi sandise ukuhlinzekwa kwezinsiza ezisezingeni eliphezulu zobungcweti.
- Ngenhloso yokweseka labo ngoti, sizoqasha **abahlengikazi abangama-40 (Professional Nurses)** abazosebenza **emathiyetha okuhlinza, ezinsizeni zezokwelashwa komdlavuza), kanye nasophikweni olusha lwe-IVF (In Vitro Fertilisation)**.
- Lezi zikhundla zizokhulisa ukusetshenziswa kwamathiyetha okuhlinza, zinciphise ukukhanselwa kokuhlinzwa okungagwemeka **ngamaphesenti angengaphansi kwama-40**, futhi zandise amandla amayunithi okunakekelwa kwabagulayo abasesimweni esibucayi.
- Lokhu kuqasha kuzonyusa izinga lokusetshenziswa kwamathiyetha okuhlinza, kunciphise ukukhanselwa kokuhlinzwa okungagwemeka okungenani **ngamaphesenti angekho ngaphansi kwama-40**, futhi kwandise amakhono okunakekelwa kweziguli ezisesimweni esibucayi.
- Lokhu kuqahsa kuzophinde kube negalelo ekunciphiseni izikhathi zokulindela ukuhlinzwa, kwenze ngcono ukuphepha kweziguli, kuqinise ezokwenganyelwa kwezinsiza zezokwelapha (**clinical governance**), futhi behlise izigameko eziyingcuphe zezimangalo zomthetho ezihlobene nokwelashwa (**medico-legal risk**).

UKUNCIPHISA UHLU LWABALINDELE UKUHLINZWA:

- Sihlalo ohloniphekile, ukwandiswa kwamakhono ongoti kumele kuholele ekuncipheni kohlu lwabantu abalindele ukuhlinzwa kanye nokufinyelela ngokushesha ekuhlinzweni okubuyisa ithemba kubantu.
- Ngalesi sizathu, uMnyango uzoqalisa uchungechunge lwezinhlelo zokuvuselela izinsiza zokuhlinzwa esifundazweni okuhloswe ngazo ukwandisa

ukusetshenziswa kwamathiyetha kanye nokunciphisa izigameko zokusilela emuva emikhakheni lapho kunesidingo esikhulu khona.

- Sizoba nezinkambu zokuhlinza ze-**Paediatric Hypospadias** ezine ngonyaka. Lokhu kuhlinzwa kuhloswe ngakho u**kulungisa indawo okuphuma kuyo umchamo nokubuyisela ukusebenza okujwayelekile ezinganeni zabafana ezizalwa zinalesi simo**. Lolu hlelo luzosiza izingane ezibalelwa **ku-120 kuya ku-130 ngonyaka**, lwengeze empumelelweni yokuhlinzwa **okuyi-117** okwenziwe ngonyaka odlule.

- Sizophinde sisingathe **amasonto amathathu okulungiswa kobuso kwezingane ngokubambisana ne- Smile Foundation (three Smile Foundation Cleft Lip and Palate Surgical Weeks)** Lokhu kuzonyusa inani lezingane ezithola ukuhlinzwa kokulungisa ubuso nomlomo okuzoguqula impilo yazo lisuke **ezinganeni ezingama-20 ngonyaka odlule**, kuye **ezinganeni ezingama-45** kulo nyaka wezimali.
- Ngaphezu kwalokho, zizoqhubeka nokubuyisa ithemba ezinganeni ezizalwe nezinkinga zenhliziyo izinhlelo ezibhekele ukuhlinzwa kwezinhliziyo zezingane, okubizwa nge-**Paediatric Cardiac Surgery Programmes**. Sihlose ukuba kulezi zinyanga eziyisithupha ezizayo, kuqhutshwe inqubo yokuhlizwa **kwezinhliziyo zezingane ezingama- 50**. Lokhu kuzonezelela **ekuhlinzweni okube yimpumelelo okungama-48** okwenzekwe izinyangeni eziyisithupha ezedlule.
- Sizophinde sisingathe uhlelo lwamasonto amane **okuhlinzwa okumaqondana nokulungiswa kwamabele** okuzohlomula kulo abesifazane abangafinyelela kwabangama-80 abadinga ukuhlinzwa okumaqondana nokulungiswa kwamabele abo kulandela ukwelashwa kukwelashwa komdlamvuza wamabele. izophinde sihlele **amasonto amane okuhlinza ukwakhiwa kabusha kwebele (Breast Reconstruction Surgical Weeks)**, okuzohlomulisa **abesifazane abangafinyelela kwabangu-80** abadinga ukuhlinzwa kokwakhiwa kabusha kwebele ngemva kokwelashwa komdlavuza webele. Ngaphezu kwalokho, kulo nyaka wezimali, sizokwenza nezinye **izinqubo eziyi-15 zokuhlinzwa bokunciphisa amabele.**
- Kuzophinde kube nezi**nhlelo ezizoqhutshwa ngezimpelasonto Zokuhlinzwa Kwamathambo (Orthopaedic Surgery Programmes), okuzohlomula kuzo iziguli ezingafinyelela ku-180 ngonyaka**.
- Khona manjalo, ngenkathi kuphothula ukuqashwa kongoti, sizophinde sisingathe izinhlelo ezizoqhutshwa ngezimpelasonto zokuhlinzwa kwemihlathi nobuso

(Weekend Maxillo-Facial Surgery Programmes), ngenhloso yokunciphisa izikhathi zokulindela ukuhlinzwa okubucayi kokubuyiselwa kobuso esimweni.

UHLELO LOKUQALA LWESIFUNDA SAKWAZULU-NATALI LWE-IVF OLUZOTHOLAKALA ESIBHEDLELA INKOSI ALBERT LUTHULI CENTRAL HOSPITAL:

- Malungu ahloniphekile, okunye okubalulekile kulo nyaka wezimali kuzokuba ukusungulwa kohlelo lokuqala ngqa **lokuvundiswa kwamaqanda ngaphandle kwesibeletho (*In Vitro Fertilzation* (*IVF*)) ezibhedlela zikahulumeni KwaZulu-Natali,** kanti-ke lolu helo luzotholakala esibhedlela Inkosi Albert Luthuli Central Hospital.
- Sekuyisikhathi eside, izithandani zaKwaZulu-Natali ziludinga lolu hlelo lokuvundiswa kwamaqanda ngaphandle kwesibeletho kodwa bengafinyeleli kulo baze **baluthole ezikhungweni ezikhungweni zezempilo ezizimele nokuyilapho abebekhokha kuzo izimali ezishisiwe**. Kwesinye isikhathi bebephoqeleka ukuba bahambe baye kwezinye izifundazwe ukuze bathole usizo lwamahhala lwe- *IVF* ezikhungweni zikahulumeni esezinalo.
- **lKwaZulu-Natali izama ngawo wonke amandla ukufinyelela kulolu hlelo futhi silandela ezinye izifundazwe okuyi-Gauteng, i-Free State kanye ne-Eastern Cape** ekuhlinzekeni ngalolu hlelo olubaluleke kakhulu ezikhungweni zezempilo zikahulumeni.
- Lolu hlelo olunemishini eyisipesheli ebiza **ama-R30 million**, kulindeleke ukuthi luqale ngenyanga ka**Mfumfu wezi-2026** kanti-ke ekuqaleni luzoba **nemijikelezo yokwenziwa kwe-*IVF* engaphezulu kwama -150 ngonyaka**. Lolu hlelo luzokwesekwa yithimba elizinikele lochwepheshe bemikhakha eyehlukahlukene, elibandakanya abahlengikazi abangongoti kanye nochwepheshe bokukhuliswa kwemibungu (*embryologists*).

UKUSATSHALALISWA KWEZINSIZA ZOKWESEKA ABANTU “BOBULILI OBUNHLOBONHLOBO”:

- Isibhedlela Inkosi Albert Luthuli Central Hospital sizophinde futhi siqinise nemisebenzi yezokwelapha ekhethekile ukuze ngenhloso **yokwelekelela ngezokwelapha labo abaziwa nge-*LGBTQIA+***, njengenxenye **yosizo lwezempilo** olunzulu olumaqondana **nezobulili**.

- Lezi zinsiza zizohlinzekwa yithimba elibandakanya ochwepheshe abavela emikhakheni eyehlukahlukene kwezempilo, ngokulandela imihlahlandela kazwelonke yezokwelapha kanye namaqophelo ezokuziphatha ngobuqotho.
- Sihlalo Ohloniphekile, konke lokhu kuyingenxenye yokwenza uhlelo lwethu lwezempilo lube ngcono, lufinyelele kubo bonke, futhi lunakekele iziguli zethu ngokukhethekile.
- Lokhu kungukwakha uhlelo lwezempilo oluphilile, olunakekelayo, futhi olugxile kubantu**.**

<<<Ngazo zonke lezi zinhlelo zethu ezibonakalayo, ngiyakholelwa ekutheni sifanelwe ukushayelwa ihlombe>>>

USIZO LOKUDAMBISA IZINHLUNGU (*PALLIATIVE CARE*):

- Sihlalo Ohloniphekile, umbono wethu ngukuqinisa izinsiza zezempilo kulo lonke lolu hlelo, kusukela ekunakekelweni ngokwezempilo ezikhungweni ezisendaweni abantu abahlala kuzo, ezifundeni kanye nasezibhedlela ezinkulu.
- Lokhu kungenxa yokuthi siyazi ukuthi nakuba ukunakekelwa kwezempilo okusezingeni eliphezulu kuhloswe ngakho ukusindisa izimpilo zabantu; kodwa futhi kuhloswe nokulondoloza isithunzi somuntu.
- Ngakho-ke sihlola izindlela zokwandisa ukufinyelela ezinsizeni zokudambisa izinhlungu ezigulini ezigula kakhulu.
- Ngokubambisana kwethu ne-*Cancer Association of South Africa* (*CANSA*) kanye nabanye nezinye izinhlaka esisebenzisana nazo, sizophinde siqhubeke nokuqinisa lezi zinsiza, ukuze iziguli nemindeni yazo zithole ukunakekeklwa nokwesekwa okuphelele ngesikhathi zikudinga kakhulu.
- Sizophinde sihlole izibhedlela ezinemibhede eyengeziwe yokwamukela iziguli ezizolaliswa ezidinga ukunakekelwa ekudambiseni izinhlungu, okuhlanganisa nezibhedlela zethu, iSibhedlela sase-Hillcrest.

10. UKUHLELWA KABUSHA KOPHIKO LWABELAPHI BENDABUKO:

- Sihlalo Ohloniphekile, siyabona singenza okwengeziwe ukuqinisa ubudlelwano bethu bokusebenzisana nabelaphi bendabuko, ababamba iqhaza elikhulu ekukhuthazeni inhlalakahle nempilo engcono emiphakathini yethu.
- Ngakho-ke, kuwona lo nyaka wezimali, **sizohlela kabusha siphinde futhi siqinise uPhiko Lwabelaphi Bendabuko**.
- Njengebantu bokuqala abaxhumana nabantu abaningi abadinga usizo, abelaphi bendabuko bangaselekelela ekukhuthazeni ukuphila impilo enhle, bakhuthaze ukufuna usizo lwezempilo kusenesikhathi, besekele ukwedluliselwa kweziguli ezikhungweni zezempilo kusenesikhathi.
- Bengaphinde basisize ukuqwashisa abantu ukuthi badle imishanguzo yabo ngendlela, futhi baselekelele ekulweni nokufafazwa kolwazi olungamanga mayelana nezifo ezifana nesandulela ngculaza, isifo sofuba, isifo somfutho wegazi ophezulu, isifo sikashukela ngokunjalo nesifo somdlavuza.
- Maduze nje, sizokhipha isikhangiso somsebenzi bese siqasha abantu abafanelekile ukuba behole futhi baqinise lolu phiko. Sizozibophezele futhi ekubambeni **Inkomfa yeSifundazwe Yabelaphi Bendabuko ngenyanga kaLwezi**, ezolekelela ekuhlinzekeni ngolwazi kanye nokwakha ubudlelwane bokusebenzisana futhi yelekelele ekwakheni indlela eya phambili yalo mkhakha obaluleke kangaka.

11. INQUBEKELA PHAMBILI EKUNAKEKELENI IMPILO YAMADODA:

- Sihlalo Ohloniphekile, kubaluleke kakhulu ukuba sethule lesi Sabelomali enyangeni kaNtulikazi, njengoba iNingizumu Afrika iqhubeka nokugubha Inyanga Yamadoda.
- Ezinye zezinto esizibophezele ukuzenza ngukwenza ukuthi amadoda azithole kalula izinsiza zezempilo, sesibuye sakhuphula nesibalo **seMitholampilo Yabesilisa sisuka kweyi-129 safinyelela kweyi-155** ngonyaka odlule wezimali.
- Lezi zikhungo zakhelwe ukwamukela amadoda ngesihle lapho ezozizwa khona ekhululekile uma ezofuna usizo lwezempilo.
- Lezi zikhungo zihlinzeka ngezinsiza ezinhlobonhlobo, okubandakanya ukwelashwa kwesaNdulelangculaza(*HIV*) nesifo sofuba(*TB*), sizohlola siphinde futhi selaphe nezifo ezithathelana ngokocansi.

IMITHOLAMPILO YABESILISA ENGOMAHAMBANENDLWANA:

- Siyakhuthaza ukuthi abesilisa basebenzise Imitholampilo yethu Yebesilisa engoMahambanendlwana, esitholakala ezifundeni zethu eziningi.
- Le mitholampilo iletha usizo lwezempilo ezindaweni abahlala kuzo abesilisa futhi asebenzela kuzo, kanti-ke lokhu kwenza kube lula ukuthi bathole usizo lwezempilo ngaphandle kukuhamba amabanga amade noma bachithe amahora amaningi belindile ezikhungweni zezempilo.

UKUQINISA IZINHLELO ZETHU ZOKUHAMBELA ABANTU EZIKHUNGWENI ZOKUPHUMULA ABASHAYELI BAMALOLI:

- Sizophinde sihambele **izikhungo zokuphumula abashayeli bamaloli**, nokuyilapho sihlinzeka ngosizo lwezempilo kubasheyeli bamabanga amade ngokunjalo nbanye abantu abahala besendleleni.
- Nakuba lezi zinsiza zitholakala **ezikhungweni ezingama-23** esiifundazweni, kodwa-ke sithole ukuthi ezinye azisasebenzi ngendlela efanele.
- **Sizovuselela sibuye siqinise** ukusebenza kwalezi zikhungo ukuze siqinisekise ukuthi lolu hlelo olubaluleke kangaka luyaqhubeka futhi luyafinyelela kulabo abaludinga kakhulu.

12. UKUQINISWA KWEZINHLELO ZEZEMPILO ZOKUNAKEKELA ABAGULA NGOKWENGQONDO:

- Sihlalo…isifo sengqondo sisalokhu sisibeke eqhulwini, njengoba siqhubeka nokwakha uhlelo lwezempilo olugxile kubantu futhi olubhekane ngqo nezifo ezibaphethe.
- Ukuze sifezekise lokhu-ke, njengamanje simatasa ngemiklamo eminingana yokwakhiwa kwengqalasizinda ezokwenza kubelula kubantu ukuthi bathole usizo olukhethekile lokunakekelwa ngokwezempilo maqondana nezifo zengqondo.
- Lokhu kubandakanya **uPhiko olusha Lwabagula Ngengqondo olunemibhede engama-45 eSibhedlela saseMadadeni; uPhiko Lwabagula Ngengqondo olunemibhede engama-90 eSibhedlela saseMzikhulu uphiko olusha lwabagula ngengqondo olunemibhede engama-28 esibhedlela i-*Port Shepstone Regional Hospital* kanye nolunye uPhiko olusesibhedlela i-*General Justice Gizenga Mpanza Hospital*.**

- Emitholampilo, siqinisa zinhlelo zokushesha kuhlonzwe izifo kanye nokwelashwa kwazo kusenesikhathi ngokuthi sihlole izifo zengqondo sisebenzisa izindlela eziseqophelweni eliphezulu, okubandakanya **nokuqeqeshwa koNompilo**.
- Kulo nyaka wezimali wezi-2026/27, lesi sifundazwe sithole isibonelelo sama-**R37.3 million** esibizwa **nge-*Mental Health NHI Grant*** ukuze kwesekwe lezi zinhlelo.
- Siyethemba ukuthi lesi siboneleo sizoqinisa izinhlelo zokuhlinzekwa kwezinsiza ezimaqondana nesifo sengqondo emitholampilo nokunjalo nokuhlolela lesi sifo ngokuthi kuqashwe odokotela bezengqondo abengeziwe ezibhedlela zezifunda nasemitholampilo.
- Lokhu kuzokwenza kubelula ukuthola ukunakekelwa ngokwezempilo, ukwelasha ngokunjalo nokuhlunyeleliswa kweziguli kuyo yonke iKwaZulu-Natali.

13. UKUQINISA IZINHLELO ZOKULWA NESIFO SOFUBA, ISANDULELANGCULAZI KANYE NGCULAZI

- Sihlalo ohloniphekile, nakuba iKwaZulu-Natali iqhubeka nokuba nesibalo esiphezulu kakhulu sabantu abaphila negciwane lesandulela ngculazi(*HIV*) kuleli zwe, kodwa futhi ikhombisa ukuthi kukhona esingakuthola ngokusebenzisa isayensi, ngokusebenzisana nezinye izinhlaka kanye nangokuzinikela kwabasebenzi bethu bezempilo.
- Njengamanje, sinesibalo esingama-98% abantu abazi isimo sabo se-*HIV*, kulesi sibalo, abangama-87% badla imishanguzo yabo, abangama-85% sebekwazile ukucindezela igciwane ngokudla le mishanguzo.
- Izifunda ezinhlanu kweziyishumi nanye esinazo, zibalwa phakathi kwezifunda ezenza umsebenzi oncomekayo kakhulu ezweni ekulweni ne-*HIV*. **Lezi zifunda yi-*Zululand*, i-*Harry* Gwala, uMkhanyakude, uGu kanye noThukela**.
- **Ngaphezu kwalokho,** isifunda saseThekwini, i-*King* Cetshwayo, uMzinyathi kanye noMgungundlovu zisibeke ohliwini lwezifunda eziyi-15 ezenza umsebenzi oncomekayo, kanti-ke iLembe likleliswe laba ngele-17 bese kuthi Amajuba wona akleliswe abangama-33.
- Iyasikhuthaza nempumelelo yomkhankaso wethu obizwa “nge-*Close the Gap Campaign*.”
- Sikwazile ukwedlula isibalo esazibekela sona sokuthungatha kanye nokuthola iziguli eziyeke imishanguzo ukuba zibuyele ekuyithatheni, **siphumelele ekubuyiseleni abantu abangaphezu kwezi-210 000 ohlelweni, isibalo esasizibekele sona kwakungabantu abangaphezu kwezi-116 000**.

- Nakuba kunjalo, iziguli eziningi ziyaqhubeka nokuyeka ukudla imishanguzo yazo.
- Ngenxa yalokho, senyuke ngaphezu kwezi-15 000 isibalo seziguli eziyeke ukudla imishanguzo ye-*HIV*, lokhu kuvule igebe labantu abalinganiselwa ezi-101 000 okufanele bagcinwe besohlelweni lokudla imishanguzo.
- Ukubhekana nalesi simo, uMnyango Wezempilo kuZwelonke **welule umkhankaso obizwa "nge-*Close the Gap*" okuhloswe ngawo ukuthungatha iziguli ezishiye phansi ukudla imishanguzo yazo ye-*HIV*, ezizothungathwa kuze kube nguZibandlela wezi-2026.**
- Ngesikhathi kusathungathwa lezi ziguli, siyaqhubeka nokuqinisa izinhlelo zokunqanda ukubhebheka kwe-*HIV* ngokuhlinzeka ngamaphilisi ayimgomo abizwa nge-*PrEP*, ukusoka kwabesilisa ngokuzithandela, ukweluleka nge-*HIV* nokuyihlolela kanye nokuhlolwa okugxile emphakathini, nokuyizinto eziqinisekisa ukuthi izinsiza zethu zigxila ezigulini, ziyatholakala futhi zibhekana ngqo nokuqeda i-*HIV* okuyisifo esiyingozi emphakathini.

14. I-*LENACAPAVIR*: INDLELA ENTSHA YOKUNQANDA I-*HIV*

• Sihlalo Ohloniphekile, njengoba sisabalalisa uhlelo lwethu lokunqanda ukuthelelana nge-HIV, sikhuthazwa yimpumelelo yezesayensi elethwe ngumjovo ongumgomo obizwa nge-*Lenacapavir*, onqanyulelwa ngokuthi yi-*Lena*.

• Lo mjovo wokugomela i-*HIV* uhlala isikhathi eside emzimbeni futhi ujovwa kabili ngonyaka unjalo-nje uthathelwa phezulu kakhulu ngoba uyikhambi elisemqoka elizonqanda ukuthelelana nge-*HIV*.

• Lo mjovo usebenza kahle kakhulu futhi uyindlela elula kakhulu, ikakhulukazi entsheni nakulabo okunzima ukuba baphuze iphilisi eliwumshanguzo we-*HIV*.

• Ukwethulwa kwalo mjovo ngenyanga kaNhlaba kulo nyaka kulethe ithemba elikhulu kanye nesasa kuso sonke nje isifundazwe sethu.

• Esibalweni esiyizi-12 000 semijovo ye-*Lena* **etholwe yiSifundazwe saKwaZulu-Natali**, sesigome abantu abangaphezulu kwezi-6 000.

15. UKUSOKA KWABESILISA NGOKUZITHANDELA EZIKHUNGWENI ZEZEMPILO

• Sihlalo Ohloniphekile, sifisa ukuphinda sigcizelele ukuthi Ukusoka Kwabesilisa Ngokuzithandela Ezikhungweni Zezempilo kufakazelwe ngokwesayensi ukuthi kunciphisa amathuba okutheleleka nge-*HIV* ngamaphesenti angafinyelela kwangama-60 kwabesilisa.

• Kuphinde futhi kwenze isitho sangases sihlalele sihlanzekile, futhi kunciphisa ubungozi bokutheleleka ngezifo zocansi ezithathelanayo. Kuyingxenye esemqoka yohlelo lwethu olunqala lokulwa ne-*HIV*.

• SinguMnyango Wezempilo waKwaZulu-Natali, besilokhu sisekhaleni kulolu hlelo, njengoba sesiphumelele ukwenza sesisoke abesilisa abangaphezulu **kwe-1.8(million)** kusukela lolu hlelo lwethulwa ngonyaka wezi-2010.

• Lokhu kuyimpumelelo enkulu kakhulu.

• Siyethemba futhi ukuthi ngokwesekwa yimiphakathi yethu ngokunjalo neSilo SamaBandla, isifundazwe sizosedlula isibalo **sezigidi ezimbili** ngonyaka wezimali ozayo.

• Ngakho-ke sinxenxa abazali, abaholi bendabuko, izinhlangano zezenkolo, abaholi bomphakathi kanye nabantu besilisa abasha ukuba bengamukeli ulwazi oluyinkohliso, kodwa bafune ulwazi oluyiqiniso lwezempilo futhi baqhubeke nokweseka le mizamo esindisa impilo yabantu.

• Masesekele le mizamo eyenziwayo njengenxenye yethu esingabamba ngayo iqhazo ekulweni ne-*HIV* eyingozi emphakathini.

UKUQINISWA KWEZINHLELO ZETHU ZOKULWA NESIFO SOFUBA (*TB*):

- **Sihlalo Ohloniphekile,** ukulwa kwethu nesifo sofuba yinto esilokhu siyibeke eqhulwini. Siqinisa izinhlelo zokuhlonza isifo sofuba kusenesikhathi ngokuthi sihlole umphakathi ngobuningi, ngokusebenzisa imishini yesimanje ye-*X-ray* engomahambanendlwana kanye nohlelo olubizwa nge-***in Schools***, phakathi kwezinye izinhlelo zokungenelela esinazo.

- **UHlelo** lwethu **i-*Stop TB in Schools*** luyaqhubeka nokuthela izithelo ezinhle. Kuze kube manje, **babalelwa ezi-140 000 abafundi kanye namalungu omphakathi** asebethole izifundo ngeSifo Sofuba kanye nezempilo, kanti bangaphezulu **kwezi-101 000 abafundi** abahlolwe iSifo Sofuba, kwathi **izingane eziyi-144** kwatholakala ukuthi zineSifo Sofuba nokwabe seziqaliswa imishanguzo yokuselapha khona manjalo.
- Lolu hlelo luhamba lufike emakhaya. Lokhu kwenzeka ngokungena emakhaya bethungatha abanelisi sifo, oNompilo bahlola amalungu emindeni yabafundi abatholakale benalesi sifo, bahlola **izihlobo ezingaphezu kwe-1 700** futhi bathola amalungu ezihlobo angama-53 analesi sifo se-*TB*, bonke laba bantu baqaliswa imishanguzo yokuselapha. Le ndlela iyaselekelela ekutheni sithole abantu abanalesi sifo kusenesikhathi, lokhu kuyasiza ekugwemeni ukusedlulisela komunye umuntu nasekuvikeleni imindeni yonke.

IMISHINI YESIMANJE YE-X-RAY ENGOMAHAMBANENDLWANA:

- Sihlalo, iSifundazwe njengamanje **sinemishini yesimanje ye-X-ray engomahambanendlwana eyisishagalombili** esifundeni saseThekwini, uGu, e-King Cetshwayo, iLembe, e-Harry Gwala, e-Zululand kanye naseMzinyathi.
- Le mishini iselekelele kakhulu ekuhloleni i-*TB* kanye nezinye izifo ezakhela esifubeni, lokhu kwenzeka ngokuhambela imiphikathi ezindaweni ekuzo.
- Emzamweni yokwenabisela lezi zinsiza nakwezinye izindawo, sengeze imishini emibili yesimanje ye-X-ray engomahambanendlwana ezosetshenziswa esifundeni saso**Thukela** kanye nesase**Mgungundlovu**.
- Onyakeni wezimali ozayo, sizothengela isifunda sase**Majuba** nesase**Mkhanyakude** lolu hlobo lwemishini.

16. UKUQINISA IZINHLELO ZEZEMPILO ZOKUNAKEKELA OMAMA, IZINGANE KANYE NABESIFAZANE:

EZEMPILO YABESIFAZANE

• Sihlalo Ohloniphekile, ukwenza ngcono ezempilo kanye nenhlalakahle yabesifazane kungenye yezinto esizibeke eqhulwini. Siyaqhubeka nokuqinisa izinsiza ezididiyele zokweseka abesifazane kuzo zonke izigaba zempilo, kusukela esigabeni sobusha kanye nokuba umama kuze kufike esigabeni sokuguga.

• Ngemikhankaso yethu yokuhambela imiphakathi kuzo zonke izifunda eziyi-11, sizokwandisa izinhlelo zezinsiza zezempilo ezimaqondana nezocansi kanye nezokuzalana (*sexual and rproductive health services*).

• Lokhu sikwenza ngesikhathi, **siqwashisa ngokukhulelwa kwamantombazanyana asemancane, ukugula ngokwengqondo, ukuzivikela ekutholeni i-*HIV*, ukubaluleka kokuncelisa umntwana kanye nokuzivikela ekukhulelweni.** Lezi zinhlelo zokungenelela zihlomisa ngolwazi abesifazane ngokunjalo nentsha ukuze bekwazi ukuthathe izinqumo eziphusile ngempilo yabo.

• Siqinisa futhi nezinhlelo zethu zokulwa nesifo somdlavuza webele kanye nesifo somdlavuza wesibeletho ngohlelo sihlole abaesifazane bese beqala ukwelashwa ngokushesha.

• Eqinisweni nje, singuMnyango Wezempilo waKwaZulu-Natali, yithina esihamba phambili ezweni ekuhloleleni igciwane i-*Human Papillomavirus* (*HPV*), **njengoba sesihlole abesifazane abangaphezulu kwezi-252 000, okuyisibalo esedlula zonke ezinye izifundazwe.**

• Abesifazane abatholakala benegciwane i-*HPV* bedluliselwa ezikhungweni ezifanele ukuze bathole ukwelashwa okuphuthumayo, lokhu kusiza ekunqandeni umdlavuza wesibeletho singakaqali.

IZINSIZA ZEZEMPILO EZIMAQONDANA NABANTU ABASHA

• Ukuzibophezela kwethu kubantu abasha kuyaqhubeka nokukhula. Njengamanje, lesi sifundazwe sesikhungo ezingama-**360 ezibizwa ngama-*Youth Zones*, amaqembu angama-263 abizwa-*Youth Care Clubs* kanye nama-*Groundbreakers* ayi-100**.

• Lezi zikhungo zihlinzeka intsha ngolwazi ngezocansi kanye nokukhulelwa kwentsha, ukuzivikela ekutholeni i-*HIV* nokuyewelashelwa uma isikungenile, ukwesekwa maqondana nezifo zengqondo, izinhlelo zokungenelela maqondana nokusetshenziswa budedengu

kwezidakamizwa ngokunjalo nezinye izinhlelo zokuqwashisa ngezempilo. Lokhu kwenziwa ngaphansi kwezimo eziphephile futhi ezingenayo inhlese yokucwasa.

IMPILO YOMAMA

• Sihlalo Ohloniphekile, impilo yomama ngenye yezindlela esikwazi ukubona ngazo ukuthi luqine kangakanani uhlelo lwethu lwezempilo. Ukukhulelwa nokubeletha okuphephile yikhona esikufisayo nasesikhathini esizayo lapha KwaZulu-Natali.

• Yingakho siqhubeka sikhuthaza bonke abesifazane abakhulelwe ukuba babhalisele ukunakekelwa ngokuhambela imitholampilo **engakapheli amaviki ayi-12 bezithwele**.

• Ukushesha ubhalise kwelekelela abasebenzi bethu bezempilo ukuba bahlonze izinkinga ngokushesha, bese bekunikeza imishanguzo ngesikhathi esifanele, nokuyinto ebeka umama nomntwana esimweni esihle.

• Siyaqhubeka nokuqinisa izinsiza zokubelethisa okuphuthumayo kanye nokwenza ngcono izinhlelo zokwedluliselwa kweziguli ukuze kuncishiswe ukushona komama. Ukuzibophezela kwethu kulula; akekho umama okufanele alahlekelwe yimpilo yakhe ngesikhathi ebeletha.

17. **UKUNCIPHISA IZINDLEKO ZOKUMANGALELWA KOMNYANGO:**

• Sihlalo Ohloniphekile, ukunciphisa izindleko zokumangalelwa koMnyango ezinkantolo kusalokhu kungenye yezinto ezisemqoka esizibeke eqhulwini, njengoba yonke imali echithwa ezinkantolo ngamacala angagwemeka, yimali engeke isakwazi ukuthi ifakwe ezinhlelweni zokunakekela iziguli.

• Ngalesi sizathu-ke siqinise **uPhiko** olubhekele ezomthetho olubizwa nge-***Medico-Legal Unit*** ukuze luhlinzeke ngobuholi obunzulu, luqinise izinhlelo zokuqapha futhi luphucule thuthukise ukuphathwa kwezindaba zomthetho ezimaqondana nezokwelapha eMnyangweni jikelele.

• Sizophinde sibhekisise ukusetshenziswa kwezinye **zezindlela zokuxazulula izingxabano** ukuze sixazulule izindaba ezifanele ngempumelelo, lokhu kuzokwelekelela ekugwemeni amacala athatha isikhathi eside futhi anezindleko ezimba eqolo.

• Sesiqale uphenyo olumayelana nezinto okusolakala ukuthi azikho emthethweni eziphathelene nezimali uMnyango ozikhokhela abantu abathi kufanele bakhokhelwe.

Amacala asevele asedluliselwe eMkhandlwini obhekele ezomthetho obizwa nge-***Legal Practice Council*** ukuze aphenywe lawo okunobufakazi bokuthi kungenzeka kube nokuziphatha ngendlela engemukeleki emsebenzini.

Sesiqalise nophenyo ngezimali ezikhishwe nguMnyango phambilini, lokhu sikwenza ngenhloso yokubuyisa izimali zomphakathi lapho esithola khona ukuba yasetshenziswa kumbe yakhokhwa ngokungafanele.

• Onyakeni wezimali wezi-2025/26, izinhlelo zethu zokungenelela ziholele ekutheni sikwazi ukonga ngaphezulu **kwama-R201 million** lokhu kwenzeke ngenxa yezivumelwano esifinyelele kuzo ngokuxoxisana kanye nokuphuculwa kwendlela yokwengamela amacala.

• Sizibophezele ekuqiniseni ukubusa, ukuvikela izinsiza zomphakathi kanye nasekuqinikiseni ukuthi izimali sifaka izimali ezengeziwe ekuhlinzekeni ngezinsiza zezempilo eziseqophelweni eliphezulu kubantu bakwaZulu-Natali.

18. UKUQINISA IZINDLELA ZOKUQOA UBUFAKAZI KANYE NOKUBHEKANA NODLAME LWANGOKOBULILI

Siyaqhubeka nokuqinisa izindlela zokuqoqa ubufakazi kanye nokubhekana nodlame lwangokobulili.

Kuqhubeka kahle ukulungiswa kwesikhungo i-*Harry* Gwala Thuthuzela *Care Centre*, ukwakhiwa kwesikhungo i-Othobothini Thuthuzela *Care Centre*, kanti-ke sekuphothuliwe ukwakhiwa kwesikhungo esisha iMadadeni Thuthuzela *Care Centre* futhi sesiyasebenza, sekulindwe nje ukuthi sivulwe ngokusemthethweni.

Kuyaqhubeka ukwakhiwa kwesikhungo esisha i-*Medico-Legal Mortuary* e-Vryheid, okuyindawo yokugcina izidumbu, kanti nendawo egcina izidumbu entsha yaseMkhanyakude eMtubatuba ibekwe eqhulwini ohlwini lwezindawo ezizokwakhiwa, kanti-ke sesitholakele nesiza esifanele okuzokwakhiwa kuso.

19. UKWANDISWA KWEZITHUTHI ZOSIZO OLUPHUTHUMAYO:

• Sihlalo Ohloniphekile, sikubeke eqhulwini ukuqinisa uPhiko olubhekele Izimo Eziphuthumayo.

NgoZibandlela kowezi-2025, sethule ama-ambulensi amasha cekeangama-44, lokhu kuziqinise kakhulu izinhlelo zokubhekana nezimo ezidinga usizo oluphuthumayo lwezithuthi kwaphinda futhi kwenza kwaba lula ukuthi abantu bathole usizo lwezempilo esifundazweni sonkana.

• Sizolukhulisa kakhulu lolu tshalomali siqhubekele phambili nalo.

• Ngokubeka eqhulwini isabelomali esimqandana Nokulawulwa Kwezithuthi, **sihlela ukuthenga ama-ambulensi okwengeza angama-50 noma ngaphezulu ngonyaka wezimali ka-2026/27.**

Lokhu kuzokwelekelela ukutholakala kwama-ambulensi, kunciphise isikhathi sokuwalinda, bese kuqinisekisa ukuthi imiphakathi eminingi ithola usizo lwezempilo oluphuthumayo ngesikhathi beludinga ngokushesha.

20. UHLELO LOKUTHOLA USIZO UMA UFELWE YIMOTO EMGWAQENI

• Uhlelo lwethu lokuthola usizo uma ufelwe yimoto emgwaqeni luyaqhubeka nokuthela izithelo ezinhle. Sesiqashe omakhenikha abayi-12 saphinda futhi sathenga nezimoto eziyi-11 ezinazo izinto ezidingekayo maqondana nokuhlinzeka ngosizo uma ufelwe yimoto emgwaqeni.

• Lezi zithuthi sezibe lusizo ezigamwekweni eziyizinkulungwane eziphathelene nezingozi zezimoto.

• Lokhu sekwelekelele kakhulu ekulungisweni kwezimoto eziningi ezidinga ukulungiswa izinto ezincane ekutheni zilungiselwe lapho ezifele khona, bese ziqhubeka nomsebenzi ngokushesha.

• Lokhu sekunciphise nokuma kwezithuthi isikhathi zingasebenzi, kwehlisa izindleko zokulungisa, kwenyusa izinga lokuphepha kwabasebenzi, kwaphinda futhi kwenyusa izinga lokutholakala kwezithuthi lokho okwenze kwangaphazamiseka ukuhambisa izinsiza zezempilo emiphakathini ngokungaphazamiseki. Maduzane nje sizolwethula ngokusemthethweni lolu hlelo, oselusebenze isikhathi esingaphezulu konyaka.

AMAZWI OKUBONGA:

Sihlalo… Sengiphetha, ngithanda ukubonga abantu nezinhlangano zonke ezilokhu ziqhubekile nokusebenzisana nathi emizamweni yethu yokuthuthukisa impilo yabantu baKwaZulu-Natali.

Ukuseseka kwenu, ulwazi kanye nokuzinikela kwenu kwenza sikwazi ukufinyelela emiphakathini eminingi futhi silethe usizo lwezempilo olungcono.

Sibonga ithimba labaphathi, eliholwa yiNhloko yoMnyango, uNkk. u-Penny Msimango, siyabonga ngeqhaza lakho lokusihola, ukuzinikela kanye nesikhathi esiningi osinike sona uqinisekisa ukuthi uMnyango wethu uyaqhubeka nokufeza umsebenzi wawo.

Ngifisa futhi nokwedlulisa ukubonga okukhulu kubo bonke abasebenzi boMnyango Wezempilo KwaZulu-Natali. Abasebenza ezibhedlela, emitholampilo, abezimo eziphuthumayo, ema-l*aboratories*, emahhovisi noma ophikweni lwezokweseka, nonke ningumgogodla wohlelo lwethu lwezempilo.

Ngibonga wonke umuntu ofake isandla ekulungiseleleni lesi Sabelomali.

Kubantu baKwaZulu-Natali, siyabonga kakhulu ngokukholelwa embonweni wethu weSifundazwe esiphilile. Ngaso sonke isikhathi lapho usukhetha ukuphila impilo engcono, hamba uyohlola isimo sempilo yakho, wazi isimo sakho, ulandele imiyalelo yokwelashwa noma ufune usizo lwezokwelashwa ngaphandle kokulinda, ngokwenza njalo uba nguzakwethu ekwakheni uhlelo lwezempilo oluqinile. Siphinde sibonge bonke abake bahlanganyela nathi ezinkundleni zokuxhumana. Imibono yenu siyayihlonipha kakhulu.

Ngokubambisana, singenza iKwaZulu-Natali ibe yisifundazwe lapho wonke umuntu enethuba lokuphila impilo ende futhi esimeme. Siyaphinda futhi sithi, #AsibeHealthyKZN.

Okokugcina, emndenini wami, ngiyabonga ngokungibekezelela kwenu, uthando kanye nokungikhuthaza kwenu zikhathi zonke.

Umama wami, uMaVilakazi; ubaba wami, uMagutshwa; izelamani zami uS'thembile, uS'celo kanye noNokwazi; izingane zami, uLwazilwandile, uLethukwazi, uZihlelele-okuhle kanye nomagcino wethu uLinami… nisewumthombo wami omkhulu wamandla futhi ningipha nogqozi. Esithandweni sami, uMadlokovu, Ntusi Yenkomo, nasentendeni yesandla uyenela!

Ngiyabonga kakhulu!!!

Sihlalo, ngikwethulela nasi iSabelomali sika-2026/27 esihlelwe ngale ndlela elandelayo:

Uhlelo 1: Ezokuphatha: R1.375 billion

- **Uhlelo 2: Izinsiza Zezempilo eZifundeni: R30.824 billion**
- **Uhlelo 3: UPhiko olubhekele Izimo Eziphuthumayo: R1.931 billion**
- **Uhlelo 4: UPhiko olubhekele Izibhedlela zeSifundazwe: R15.169 billion**
- **Uhlelo 5: UPhiko olubhekele Izibhedlela Zokwedlulisela Iziguli (*Central Hospital Services*): R6.984 billion**
- **Uhlelo 6: Isayensi Yezempilo Noqeqesho: R1.562 billion**
- **Uhlelo 7: UPhiko olubhekele Ukwesekwa Kwezempilo: R504.3 million**
- **Uhlelo 8: Ukuphathwa Kwezikhungo Zezempilo: R1.944 billion**
- **Isamba Sesabelomali Sesisonke: R60.294 billion**

Siyaphela lapha